



COMMUNICATION SERVICES

Isolezwe, Thursday 18 June 2015, Page 23

Kanti lutholakala kanjani usizo loxhaso kwezolimo?

MHLELI: Nginombuzo kuNgqongqoshe wezolimo namahlathi KwaZulu-Natal uCyril Xaba (**osesithombeni**) kanye nethimba lakhe.

Njengoba behlale bekhuluma ngentuthuko emphakathini wasemakhaya bethi masakhe imisebenzi pho kudalwa yini ukuthi uma ucela usizo mayelana neminingwane maqondana nezinsiza kusebenza noma enye indlela abangaxhasa ngayo abanikazi bama-co-operative ukuze bakwazi ukudala amathuba emisebenzi bavele bazithulele nje bangasho lutho.



Sathumela i-e-mail kungqongqoshe nethimba lakhe mayelana nokucaciselwa ngohlelo lokuxhaswa kwama-co-operative, kwangaphendula noyedwa.

Senzenjani uma kunjena. Wumphakathi ovotayo kodwa awulutholi usizo. Sisenayo i-e-mail eyathunyelelwa ungqongqoshe nethimba lakhe.

Nomthandazo
Usihlalo weDrakensberg fresh produce
primary cooperative limited
BERGVILLE